Inkanyiso, 5 November 1891

NEWSPAPER: Supplement to *Inkanyiso*
DATE: 5 November 1891, p5-6.

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

(Ku Mhleli we *Nkanyiso.)*

MNGANE,-Ake uvume kengipendule amazwana angemangaki ku Mr. J. Mngoma wase Mlazi, oti ku Thos. Zulu "yini ukuba e umuntu oyindoda aqinisele ukubhala indaba yabafazi e *Nkanyisweni*, yinto engenamsebenzi leyo ayitshoyo, nangomteto futi."

Ngicela kubafundi bepepa ukuba kuyini loku okutshiwo ngu Mngoma na? Uqinisile yini-ke uma eti indaba esihlalise kabi kangaka yesahlukaniso, uti yinto engenamsebenzi na? Kanti iyipi indaba esifanele ukuba sikulume ngayo na? Umteto lo awupeteyo ngokuti aunto yaluto, nesahlukaniso lesi, ngiti mina u Mngoma ukulumisa okwomuntu ofakwe izibhebhe emehlweni njengamahashi adonsa ikalitshi, uqonde ntonye yena, udelela okukulu akulise okuncane; kako umuntu ongowohlanga lwakiti ongahle atsho ngomlomo wake ati lemikuba engalungile kangaka kayinto yaluto. Uyamuzwa nje u Mdima epepeni No. 79. Oct. 22, esola ukupatwa kwetu? Uyampikisa yini-ke? Impela u Mdima uqinisile kuyo yonke lencwadi yake; basipete kabi abelungu balapa e Natal, bayasiketa.

Ngingowako, Mngane,
MAGEMA MAGWAZA.

Oct. 27. 1891.

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.